# *ISandla Esiloba oDongeni*

Lobu kungubusuku bangoLwesithathu, ngethembisile izolo kusihlwa, futhi, bengizokhuluma, uma iNkosi ibizovuma, kulobubusuku, endabeni ethi: *ISandla Esiloba oDongeni*. Impela nge. . . O, besingabeka amaviki endabeni, bese-ke singaliphali neze ingaphezulu. Kodwa ngizozama ukubeka izihloko nje ezincane zayo kulobubusuku, ngosizo lukaMoya oNgcwele. Futhi manje ngifuna ukufunda kuDanyeli, isahluko 5 nevesi 25. Futhi Kufundeka kanje.

> *Yilo umbhalo owalotshwa, MENE, MENE, TEKEL, UFARSIN.*

Namanje iNkosi ayenezele izibusiso zaYo ekuFundeni.

2 Futhi angazi noma umfowethu olungileyo, umgcini lapha, ubengacisha lamalambu akhanya kakhulu. Ngiyi—yi. . . Umsebe walo ukhanya phansi ngqo ngapha. Ngiyabonga, ngomusa kakhulu. Angikwazi ukubona izethameli. Manje-ke uma ngikhuluma nanoma ubani, ngiyathanda ukubabuka ebusweni uma ngikhuluma. Kubonakala kakhulu nje sengathi kungukuxhumana ngqo nabantu.

3 Manje sethembele eNkosini yethu, kulobubusuku, ngenkathi sisazama nje ukuthatha isikhathi sami bese ngikhuluma ngalendaba. Ngiyazi ukuthi yindaba enkulu. Futhi yindaba yenkonzo yobuvangeli, futhi ayisiyo eyokuphiliswa ngokukaNkulunkulu. Kodwa ingeyokukhulu ukwedlula ukuphiliswa ngokukaNkulunkulu. UMzimba ogula ukwedlula konke engiwaziyo kulobubusuku, nguMzimba wokomoya weNkosi yethu uJesu, kulomhlaba; umantwenguntwengu, futhi wephukile, sewuze ngempela udinga ukuphiliswa ngokukaNkulunkulu.

4 Manje, indaba yethu kulobubusuku iqala eBabiloni. Futhi iBabiloni kuqala lalakhe, okuseyiyo namanje, eShinar. Futhi kuqala lalibizwa ngokuthi, "isango likaNkulunkulu," i*Babele*. IBabele, futhi kamuva labizwa nge *Babiloni*, okuchaza "ukusangana." NeBabiloni liqhamuka ekuqaleni kweBhayibheli, kuGenesisi; futhi liqhamuka phakathi neBhayibheli; futhi liqhamuka ekugcineni kweBhayibheli, iNcwadi yokugcina, iSambulo. Futhi njengokuthi likulo lonke iBhayibheli, lifanele ukuthi lisekhona nanamhlanje.

5 Kanti, futhi, yonke into esemhlabeni namhlanje, ngendlela yezinto zikamoya, njengoMoya kaNkulunkulu nje nomoya kaDeveli, nazo zonke izinkoloze nakho konke esinakho namhlanje ezweni, zaqala kuGenesisi. Ukuthi *Genesisi* kuchaza ukuthi "ukuqala." Nazo zonke lezozinto, nokho phansi kwelinye igama nangaphansi kwesinye isimo, kodwa umoya ofanayo

owaqala kuGenesisi, uyakuveza. Futhi kunjengesihlahla nje sikhula, sikhuphuka siya enhlokweni, lapho sonke sizofika kuvuthwondaba ekupheleni, ezahlulelweni ezinkulu zikaNkulunkulu, lapho ezoxazulula zonke izinto. Futhi konke lokho okwakunesiqalo kuzoba nesiphelo. Yilezozinto nje ezazingenasiqalo engenasiphelo.

6 Yingakho u—umKristu ozelwe ngokusha engenaso isiphelo, ngoba unokuPhila okuPhakade. NokuPhila okuPhakade kuyingxenye yokuPhila kukaNkulunkulu uQobo, ngokuba uNkulunkulu uPhakade. Negama elifanayo, igama lesiGreki elithi *Zoe* elithi "ukuPhila kukaNkulunkulu," ngenkathi uJesu ekhuluma wayesethi, "Ngibanika ukuPhila okuPhakade," lelogama elifanayo liyasetshenziswa futhi. Ngakho-ke, umuntu ezelwe ngokusha, umoya wakhe usuguquliwe, futhi uba yingxenye kaNkulunkulu, kakhulu ngangokuthi useyindodana kaNkulunkulu. Futhi uPhakade njengoba nje uNkulunkulu ePhakade, ngoba uyingxenye kaNkulunkulu, ngokuZalwa kwakhe, ukuZalwa ngokomoya.

7 Manje, iBabiloni laqanjwa yindoda egama linguNimrodi, owayeyindodana kaHamu, indoda embi ngempela.

8 Futhi iBabiloni lake laba yikomkhulu lezwe. Ngenkathi lomuzi omkhulu wakhiwa lapho, yonke imizi emincane, yonke elizungezile, yayithela, izintela, kanjalonjalo, kulomuzi omkhulu, iBabiloni.

9 Futhi phakathi lapho, uma uzofunda ezinye zezincwadi zasendulo, njengekaHislop ethi *AmaBabiloni amaBili*, nemiuningi yemilando yasendulo, uzothola ukuthi babenazo zonke izinhlobo zezimfundiso zokwazi okufihlekileyo phakathi lapho. Babenowesifazane phakathi lapho, angilikhumbuli igama lakhe okwalesisikhathi, futhi wayethola izimpande ezingejwayelekile futhi, ziphuma emhlabathini, bese enza onkulunkulu ngazo. Kukholakala ukuthi lokho kwakungonkulunkulu uJakobe abathatha kumkhwe wakhe, abanye balabonkulunkulu bezimpande kanjalonjalo. Izimfundiso ezincane nje ezigqamile, futhi kulezozinto kwavumbuka lezizinkoloze esizibonayo ezweni namhlanje. Uma uzoqaphela imvelo yazo, nemvelo yalezizinto namhlanje, yimvelo efanayo.

10 Ngakho, iBabiloni lihlezi nje kulesosigodi esikhulu esivundile lapho, futhi lalizungezwe futhi liniselwa ngenkasa nguMfula iEwufrathe, neTigrisi. Futhi kwakuyisikhungo esikhulu sezolimo. NeBabiloni lalingumuzi omkhulu. Nawalo, ngokulinganisela, cishe amamayela ayikhulu namashumi amabili ukuzungeza umuzi; amamayela angamashumi amathathu uhlangothi ngalunye, lokho kwakungenza amamayela ayikhulu namashumi amabili ukuzungeza. Bathi imigwaqo emzini waseBabiloni wawungamafidi angamakhulu

amabili ukuvundla. Izindonga zaziwugqinsi olungamafidi angamashumi ayisishiyagalombili, futhi ngokuyikho impela ungamafidi angamakhulu amabili ukuphakama. Babengagijima umdlalo wezinqola bezungeza lezizindonga, ngezinqola. Namasango ayenziwe ngethusi, nalawomasango manje-ke ayeba ngamafidi angamakhulu amabili ukuvundla. Futhi khona impela maphakathi nomuzi kukhona isigodlo, nesigodlo sasiyisihlalo sobukhosi. Namaphakathi nomuzi kwafika umfula omkhulu, iEwufrathe. Uma uzoqaphela, ngumuzi kaDeveli, ngoba uklanywe ngokulandela uMuzi kaNkulunkulu, njengoMfula wokuPhila phambi kwesiHlalo sobukhosi. Futhi kulomuzi, babenezinkulu, izingadi ezishwibekayo, zisuka ezindongeni, ngokuzungeza.

11 Futhi kwakungesikhulu ngempela, isizwe esinamandla ngesikhathi, ngangokuthi sasibhaxabule izwe elaziwayo, nalolonke izwe lalithela. Laliqhubekele phambili kwisayense, futhi lalinezinto ezisanda kwenziwa isayense eyayikwazi ukuzikhiqiza. Lalinezinqola ezisanda kwenziwa, imiklamo esanda kwenziwa, izikhali ezinamandla kakhulu kunazo zonke, nezezinsimbi ezedlula zonke. Laligqamile kulolonke izwe.

12 Bese kuthi-ke ngaphakathi kulezizindonga, lapho iNkosi uBelteshezari wayeyinkosi khona ngesikhathi salesisehlakalo esikhuluma ngaso kulobubusuku. INkosi uBelteshezari, iBhayibheli elithi, “uNebukedinezari, owayenguyise,” kodwa eqinisweni kwakungumkhulu wakhe athatha esikhundleni sakhe, iNkosi uNebukadinezari.

13 Nabaningi benu bayakhumbula ukuthi uNebukadinezari wayengukuqala kwemibuso yabeZizwe, ikhanda legolide. Futhi wayenyukele eJerusalema, okuqhele ngamamayela, amaninginingi, futhi wayethumbe abaJuda futhi wabehlisela embusweni wakhe, wase ebenza izigqila, futhi babesebenzisa ososayense babo kanjalonjalo.

14 Njengoba kwenza iRashiya nje ngenkathi iyongena eJalimane. Futhi lapho yingakho benebhomu le atomu, kanjalonjalo, bathola labososayense bamaJalimane. Yingakho beqhubekele phambili kude kangaka namhlanje, babathumba base bebabuyisela emuva phezulu lapho. Bona uqobo, babengenayo, kodwa bahamba balanda lezozinto njengoba nje kwenza uNebukadinezari kubaJuda.

15 Futhi sithola ukuthi, ngalesisikhathi, kwakukhona indoda elungileyo egama linguDanyeli, umprofethi weNkosi, wathathwa wathunjwa ngesikhathi. Wayesebenze njengenkosana phezu kwabo bonke osonkanyezi, kanjalonjalo, nezazi noMegi, ngokubusa kweNkosi uNebukadinezari.

16 Futhi manje uBelteshezari wayesengamele. UBelteshezari wayewuhlubo lwendoda embi. Wayengenandaba nje!

17 Kwase kuthi-ke bonke abantu baseBabiloni, benokuvikeleka okukhulu kangaka njengoba babezizwa ukuthi babenakho! Uma nje beke baba phakathi kulawomasango, namasango avalwa, nezindonga ezingamafidi angamakhulu amabili, ewugqinsi olungamafidi angamashumi ayisishiyagalombili, cabanga nje ukuthi kufanele ukuthi babezizwe bevikeleke kangakanani kulezozindonga!

18 Kodwa nje khumbulani lokhu. Akunandaba ukuthi leyosayense ikwenze wavikeleka kangakanani, uNkulunkulu uzokufumana uma wona! Kunye kuphela ukuvikeleka, nalokho kukuKristu Jesu.

19 Manje, lapho bezwa ubumqoka babo obukhulu bokuba yisizwe esiholayo sezwe, okuyikho uqobo, impucuko yesimodeni njengalena esiphila kuyo nje, leMelika engakholekiyo. Futhi ngithe ukuphazamiseka, uqobo lwami, kodwa ngiyesaba sithatha isimo sokuziphatha esifanayo abasithathayo. Esikuzwayo ngenxa yokuthi sinakho, esicabanga ukuthi, ngososayense ababedlula bonke, nomashinigani ababedlula bonke, namabhomu ama atomu, namabhanoyi ashesha ukuwedlula onke, futhi sinohlobo . . . Ngokuba yisizwe esihamba phambili sezwe, sithe ngandlela thize sezwa ukuphepha kwethu ngaphandle kukaNkulunkulu.

20 Kuyiphethini elihle kakhulu. NoNkulunkulu akaguquki neze. Isimo sokuziphatha kwaKhe ngesono siyafana namhlanje njengoba sasinjalo ngaleyonkathi. Futhi akukho-ndawo yokucasha phansi lapha. Kuphela kuKristu niphephile.

21 Nakulomuzi omkhulu, njengoba bazizwa ukuthi yayingekho indlela, ezweni, yanoma yiyiphi impi ukuba ike ihlasele lowomuzi. Ezinkulu, izindonga eziphakeme, nempahla yabo yesimodeni, futhi babevinjelwe ngqi ezweni elingaphandle. Kodwa babazi kancane ukuthi isizwe esibi esasibizwa ngamaMede namaPeresiya, manje osekungamaHindu aseNdiya, babazi kancane kanjani ukuthi emamayeleni amaningi kude kwakugujwa umgudu womfula, ukujikisa uMfula iEwufrathe, ukuze bamashe phansi kwezindonga. Ngenkathi bezizwa ukuthi babephephile! Ngaso sonke isikhathi babezizwa ngaleyondlela. Uma babezwa lokho, ngakho-ke babehamba begxambuza esonweni.

22 Kubonakala kanjalo uma umuntu efika endaweni azizwa khona ukuthi uqhosha ngokuthi uphelele, isono siqala ukumbamba. Ibandla, isizwe, umuntu ngamunye, ozizwa ukuthi akadingi-sizo oluvela ngaphandle, isono siqala ukubusa kuye. Yiqiniso lelo. Futhi besingaqaphela, futhi, ukuthi uma abantu beqala ukuzwa lokho kuzizwa umkhulu, ngokwejwayelekile isono siyangena bese sibadlavuza.

23 Ngakho ngenkathi bevala leyominyango, babecabanga ukuthi babephephile. Kodwa uNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini! "Nesono siyahlazisa kunoma yisiphi isizwe."

24 Ngiyamangala, kulobubusuku, nayoyonke impahla yethu enkulu, nemikhumbi-ngwenya yakithi elawulwa nge atomu, namabhanoyi akithi angamajethi andiza amamayela angamakhulu amaningi ngomzuzwana, ukuthi ngisho. . .noma umzuzu, angedlula ngisho isivimba-msindo. Kodwa, ungalokothi ukhohlwe kodwa ukuthi izono zakho ziyokufumana!

25 Futhi, ngalesisikhathi, babevale amasango. Futhi babecabanga ukuthi babezokwazi, babengaziphilela nje ngokuzitika njengoba babefuna, ngoba babevikelwe. Babeyisizwe esihamba phambili, zonke ezinye izizwe zazibheke bona ngesayanse nango—ngosizo.

26 Futhi ngakho, esikhathini esinjengaleso, kwakukhona i. . .Lenkosi yayicabanga ukuthi yayizoba nesikhathi esikhulukazi. Futhi yahlela usuku enyangeni ukuthi yayizoba nomdanso omkhulukazi, noma, njengoba bengingasho, umculo wokuzibinya wesimodeni; akukho lutho olunye kuwo. Futhi ngakho yahlela isikhathi, futhi yamema wonke umuntu odumile, onke amasosha nokaputeni, nabobonke abafazi nezancinza.

27 Manje, isancinza siyisifebe sangokomthetho nje. Futhi niyabo, uma umuntu ezizwela ukuthi uqhosha ngokuthi uphelele, ukuthi uqala ukugxambuza esonweni na?

28 Futhi wabiza utshwala obedlula bonke ayengabuthola, balelidili lomculo wokuzibinya omkhulu ayezoba nalo. Wayecabanga ukuthi wayephephile. Wayecabanga ukuthi kwakunge kho lutho okwakungamlimaza, ngoba wayephephile. Futhi wayenalokhu ukuzitika okukhulu ngokuphuza kwenye yalezizingadi emva kwesigodlo nje. Futhi ngenkathi esengaphandle lapho engadini, mhlampe babeyihlobisile yonke kuze kuyofika phezulu kahle ngempela, konke okucwebezelayo kulenga, futhi wathola onke amantombazane abukisayo nabaningi besifazane ukuba beze ukuzobungaza amasosha. Nobhiya wabo namawayini abo! Uma lokho kungesikho okumisiwe kwesimodeni kwedili lomculo wokuzibinya namhlanje, angazi ukuthi elinye belingaba kuphi. Kunjalo impela. Futhi banayo yonke into imi ngomumo, futhi babezoba nesikhathi esikhulu.

29 Futhi akungabazeki ukuthi abesifazane abaganile abaningi beza. Amadoda abo yashiywa ekhaya njengababheki bezingane, besaphumile ukuba babe nesikhathi esimnandi. Futhi ngapha nangapha, akungabazeki umama wayehamba phansi endlini, nengane egulayo, ngenkathi indoda edakiwe ihambile ukuyoba nesikhathi esikhulu. Yisithupha nje soyedwa, nohhafu wedazini womunye.

30 Futhi sengiyababona lapho beqala ukuphuza nokuba nesikhathi esikhulu. Futhi sengathi sengiyabona babeyishaya ngempela ibhendi, futhi benomnyuziki. Namabhungu namatshitshi amancane eshwibana. Namasosha, edakiwe, edumela abesifazane futhi ebaphosa emakhanda awo, futhi ebaqabula futhi ebahlalisa phansi ezitulweni, futhi eshaya uhhule. Ecabanga ukuthi ayephephile!

31 O, Melika, uNkulunkulu owabuka phansi kulelodili lomculo wokuzibinya wabadakiwe, ubuka wena kulobubusuku!

32 Futhi kufanele ukuthi babenesikhathi esimnandi ngempela! Futhi sengathi ngiyabona lena lapha inkosi, uBelteshazari, wayenguElvis Presley wesimodeni, wayekwazi ukwenza okuninginingi okuhlotshiswe kwahlotshiswa kwabo ababenakho. Nakho konke okwabo ababeqhubeka nakho, futhi bengazi, ngaso sonke isikhathi, ukuthi ukufa kwakulele emnyango!

33 Ngakho, lapho idili seliqhubeka kamnandi, ngokwejwayelekile kuthi akufane nje nokuhlelwa okukhulu kokusakaza ngetelevishini kweHollywood yesimodeni, babecabanga ukuthi babezokwenza amahlaya athize amnandi ngenkolo; cishe njengezimpahla zokugqoka zika-Arthur Godfrey, noma into efana nalesosimodeni namhlanje, noma omunye umcoshi-phizi kaErnie Ford, enza olunye uhlobo lwehlaya ngomshumayeli. Kodwa uNkulunkulu usalokhu ebuka phansi eseZulwini! Kodwa babecabanga ukuthi babephila esizweni esinjalo ukuthi sasingeke sathintwa. Kodwa uvuna okutshalile!

34 Kuxwayeni nje lokho, bantu. Noma ngabe niyisizwe, noma ibandla, noma umuntu ngamunye, uvuna okutshalile!

35 Futhi, ngani, sengiyayibona lenkosi isukuma, yase ithi, "Umzuzu nje, mantombazane, ake sibe nehlaya elimnandi lezenkolo ngomshumayeli," noma okunjalo.

36 Nakho konke okucwebezelayo kundiza, nezintombi zithi, "Hhuuu! Yebo, ngikholwa wukuthi singathanda ukuzwa lokho."

37 Namasosha asemancane eqhubeka njengamabhungu namatshitshi anamhlanje, ngoba lokhu akwehlukene neBabiloni lesimodeni! NginguMmelika, kodwa kanjalo noDanyeli wayengowaseBabiloni ngalesosikhathi. Kodwa lokho akusixoleli isono!

Ngathi entombazaneni ngesinye isikhathi, "UngumKristu na?"

Yathi, "Ngizokunika ukuthi uqonde, nginguMmelika."

Ngathi, "Lokho akukhulumi lutho." Lutho nhlobo!

38 Ngiyajabula ngokuba nguMmelika, kodwa lokho akuhlangene nokubonisa ubuKristu; akuthi shu. Uma sona, sizokhokha ngezono zethu, nje akuqiniseke kuwe.

39 Babenomprofethi lapho, kodwa abalalelanga. BabenoMlayezo, kodwa babefuna ukuhlekisa ngaWo.

40 Uma leyo kungesiyo iMelika yesimodeni, angikwazi. BaneVangeli, iQiniso, kodwa bathanda ukuhlekisa ngaWo.

41 Ngakho bathi, "Asehle sithathe lezozitsha zabagingqiki abangcwele, bese sizenyusela lapha bese siba nehlaya elimnandi ngaso."

42 UNkulunkulu akazivumeli izoni ukuba zihlekise ngabantu baKhe! Uyokhokha ngakho, ngoluny'usuku.

43 Futhi bahamba balanda izitsha zeNkosi, futhi bazenyusela ethempelini, futhi bazoba nesimnandi isiphuzo ngezitsha zeNkosi. Futhi ngenkathi bethela iOertel's 92 noma iPabst Blue Ribbon, kuso, ukuba babenehlaya elimnandi ngaso, o, bashayanisa amaglasi nezitsha, futhi baqala ukuphuza, base behleka futhi behlekisa ngenkolo yeNkosi. Babengenalwazi ngalokho ababekwenza.

44 Futhi sinjalo nalesisizwe, kulobubusuku, asazi ngokwenqaba uMlayezo weNkosi uJesu Kristu, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, nangokuzalwa ngokusha.

45 Nakuba babengabakholwayo, manje, lelodili lokudakwa lemiculo yokuzibinya, babengabakholwayo, ngoba iBhayibheli lasho ukuthi, "Batusa onkulunkulu babo."

46 Ngakho ungalokhu ukholwe njalo, futhi ube ulokhu usephutheni! Kunjalo. Akusibo ubuqotho. "Kukhona indlela ebonakala iyinhle kumuntu, kepha ukuphela kwayo iyindlela yokufa." Ngakho babenebandla elikhulu likahulumeni, nenkolo ababengayikhonza, futhi bahlekisa ngezinto ezingcwele zikaNkulunkulu.

47 Nalokho kuyikho impela uqobo kokwanamhlanje, behlekisa ngezinto ezingcwele zikaNkulunkulu. Babiza abantu, abazama ukuhlala ngokuhlanzeka nangokuhlonipha, nangokulungile, bababiza nge "feshini endala" noma "umgingqiki ongcwele," noma wuhlobo oluthile lwegama elihlazisayo. Futhi babiza izipho zeNkosi, Azenzayo ngokuthi, "Ukusebenza komoya ongcolile, njengombhuli noma udeveli." O, ningaphunyuka kanjani ekwahlulelweni na? Igazi labafelukholo libiza ngokumelana nakho! Uma uNkulunkulu engasehluleli lesisizwe ngesono saso sesimodeni, Uyofanele avuse iSodoma neGomora, futhi axolise kubo ngokubabhubhisa. Kunjalo. Siqonde ekwahlulelweni! Nalezizimanga ezinkulu enibona uMsindisi wethu obusisiweyo ezenza, ziyizimpawu ezexwayisayo, ukuthi ukwahlulelwa sekufikile; futhi likame lesisizwe ngapha nangapha, kusukela eMpumalanga kuya eNtshonalanga, kusukela eNyakatho kuya eNingizimu. Futhi bayaWenyanya, bayaWuhleka, bayaWugxeka, baWubhala emaphepheni abo njengo "mbhedo." Kucabangeni, iBabiloni lesimodeni!

48 Manje kwathi besaphuza, beshayisana izinkomishi zabo ekuphuzeni; kwathi khona manjalo, ngenkathi lomlisa osaphazayo webhayisikobho enkulu, ogama linguBelteshezari, wayeselungele ukuphuza nje enkomishini yakhe, amehlo akhe abonakala sengathi ayaqhunsuka, lapho ephenduka ukuba abuke ngasenqabeni, ngokuba wabona, kuvela eZulwini, isandla seNdoda, futhi Siqala ukuloba phansi naphezulu odongeni.

49 Ngifuna niqaphele, Saloba lapho okuplastelwe khona. Manje, mhlampe izinti zezibani zazibekwe ngaphandle kwalokhu okucwebezelayo kwabo, lapho ababenomculo wabo wesimodeni wokuzibinya, nezibani zazilokoza obondeni. UNkulunkulu akazenzi izinto ekhoneni! Kuphandle impela phansi kwezibani, lapho uNkulunkulu ekhuluma khona futhi anyakaze. Ngakho ukuloba kwaKhe ngesandla okungaphezu kwemvelo kwakulapho okuplastelwe khona odongeni, lapho bebona khona bonke.

50 Nenkosi kufanele ukuthi yiyo eyakubona kuqala, lompetha wamahlaya wesimodeni, umhlekisi wasemsakazweni okahle, umdlali wetelevishini. Lapho eshayisa iglasi, ukuba aphuze, noma inkomishi, ayenayo ezandleni zakhe, amehlo akhe aqhunsuka, futhi wazizwa eqhaqhazela yonke indawo. Sengathi ngiyabona ukuthi wakwenza. IBhayibheli lasho ukuthi, "Amathambo akhe axega elungeni." Impela waqhaqhazela yonke indawo, impela impela. Uma uNkulunkulu eqala ukubonisa izibonakaliso zaKhe, kusuke sekuyisikhathi sokuthola ukuqhaqhazela. Kunjalo. Futhi lapho eqaphela, iculo lakhe lomculo wokuzibinya lamenza waqhaqhazela.

51 Kwathi-ke lapho eqaphela lokhu ukuloba ngesandla odongeni, Sengathi ngiyababona omisi abancane nezindebe zakhe ezipendiwe sengathi angazi ukuthi yini, nezinwele zakhe zonke zifakwe ubucwebecwebe, futhi ehamba engqabashiya, futhi kanye nalamasosha adakiwe, wathi, "Angazi ukuthi yin'indaba kumfana kulobubusuku?" lapho eshaywa yithwabi.

52 Nenye insizwa yamdumela, yase ithi, "Kulungile asidanse lo olandelayo ndawonye." Nomnyuziki wama.

53 O, lesisizwe esiyisoni esikhulu, ngesinye isikhathi imiculo yenu yokuzibinya izoma! Uma ningeke nililalele iphimbo lomshumayeli, nizolalela isandla sikaNkulunkulu ekwahlulelweni ngoluny'usuku. Kodwa umculo wokuzibinya uzoma, ngokufanayo nje njengoba kwenza amabhendi, futhi kwadlala u "*Mangisondezwe, Nkulunkulu Wami, KuWena*" kwiTitanic. Ngoluny'usuku uzoyishintsha leyoshuni.

54 Nomnyuziki wama. Futhi baqaphela umpetha wabo wamahlaya, umpetha wabo—wabo ekusakazeni kwetelevishini, futhi, wayemile, amadolo akhe eshayisana, lapho ebuka futhi wabona lento enkulu yenzeka. "Ngani," wathi, "zonke izindonga

zivalwe gimbici. Nginogadi bami bemi emasangweni, indoda ekhethwe yimi."

55 Kodwa, niyabo, uNkulunkulu akadinge kungena ngesango, indlela ocabanga ngayo. Wehla evela eNkazimulweni! Nesandla saKhe sasiloba odongeni.

56 Futhi ngokushesha, kuyindawo eyisimodeni kakhulu, iBhayibheli lathi wabiza zonke izanuse zakhe, osonkanyezi, bonke ababhishobhi, odokotela, nophapha, nezikhulu zamasonto, kanjalonjalo. Wayesethi, "Manje ngizonitshela, banumzane abahloniphekile, ngininike inhlanhla yokuba nishumayele nokuba nenze lokho ebenifuna ukukwenza. Manje humushani, kimi, Lokho okusobondeni."

57 Kodwa nje njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje, babengakwejwayele okungaphezu kwemvelo. Babengazi lutho ngaKho. Babengazi ukuthi zihunyushwa kanjani izilimi ezingaziwa. Babengazi lutho ngolimi lwaseZulwini. Futhi babephithene. Babengazi lutho ngaKho. Futhi lapho bonke bemi lapho . . .

58 Khumbulani, lokhu ngukungeniswa kombuso wabeZizwe. Futhi njengoba ungena phansi kokungaphezu kwemvelo, uyophuma phansi kokungaphezu kwemvelo.

59 Kodwa labababhishobhi nezikhulu zesonto, nodokotela abakhulu, abakwazanga ukuhumusha okungaphezu kwemvelo. Babengazi lutho ngaKho. Babuka kuwo onke amabhuku abo obungcweti, futhi abatholanga lutho olwalungaqhathaniseka naLokho. Niyabo, izinto zokomoya ziqondwa ngokomoya. Kwase kuthi-ke bonke bathikamezeka, futhi abazanga ukuthi babefanele benzeni.

60 Futhi, ekugcineni, indlovukazi encane. Khumbulani, yayingekho edilini lomculo wokuzibinya. Futhi indlela kuphela eyazi ngayo ukuthi kukhona okwakwenzeka, izwi lafika kuyo ukuthi inkosi yayiqhaqhazela yonke indawo, nedili lase limile. Yayingaba ngelinye lamakholwa amahle. Futhi, ngandlela thize noma enye, yayiyileyo eyayingakakhohlwa.

61 Yaphuthuma edilini. Futhi lapho isibone eqhaqhazela yonke indawo, nayoyonke ibhendi yakhe, yathi, "O, nkosi, mana njalo!" Kodwa ayazanga ukuthi yase ifile ngaso lesosikhathi. Yathi, "Mana njalo! Ngiyazi nikhathazeke nonke ngalokho kuloba kwesandla odongeni. Futhi ngiyambona uphapha, nababhishobhi nezikhulu zesonto, nodokotela bezobunkulunkulu, futhi akukho namunye wabo ongaKufunda. Kodwa, o, nkosi, ake ngikutshele okuthize! Kukhona umuntu embusweni wakho, owaziyo ngokungaphezu kwemvelo."

62 O, mfowethu, uma sibona ukuloba kwesandla odongeni, namhlanje, kodwa ukhona uMuntu owaziyo ngakho. Ungahle ukuba uye kuwo onke ama ofisi kadokotela emzini, futhi bakutshela, "Ufanele ufe." Kodwa ukhona uMuntu! Ungahle

ukuba ugxambuze esonweni umphefumulo wakho usuze wamnyama njengezindonga ezinomule zasesihogweni, futhi usulungele ukuzibulala, ungenathemba. Kodwa ukhona uMuntu, neGama laKhe nguJesu! Uyakwazi okungaphezu kwemvelo. Futhi UseMbusweni wethu, ngokuba singabantwana boMbuso waKhe. Ukhona uMuntu!

63 Yathi, "Uyakwazi okungaphezu kwemvelo, eminyakeni eyadlula bathola uMoya kaNkulunkulu kuye. Futhi wayenoMoya omuhle kakhulu. Wayekwazi ukuhumusha amaphupho, wayebona imibono, futhi onke ayeqinise ngempela nje. Ngakho, ungakhathazeki, nginike imizuzu embalwa nje futhi ngizomletha lapha."

64 Kuyothi ngoluny'usuku uyoMbiza! Ungahle ungabi nalo ikamelo laKhe endlini yakho. Ubhizi kakhulu, ubukela itelevishini, udlala amakhadi, uphuza ubhiya, uhamba amadili omculo wokuzibinya. Kodwa kukhona isikhathi esisodwa ozoMbiza ngaso! Kunjalo.

65 Futhi ngakho uDanyeli wangeniswa. Futhi lapho engeniswa . . . Umshumayeli wokulunga, umuntu kaNkulunkulu! Ngangingekucabange umuntu kaNkulunkulu ehlala endaweni enjengaleyo ngaphandle uma ememeze wamelana nayo. Kodwa, niyabo, inkosi yayingakunakanga, yingalesosizathu yayisesimweni eyayikuso.

66 Futhi baletha uDanyeli, wayesethi, "Bakuhumushele ukuthini ophapha nodokotela bakho na?" Akukho ababengahumusha ngakho.

67 Ngakho manje-ke kwase kwenzekani na? UDanyeli wathi, "O, Belteshezari, wawuzazi zonke lezizinto. Azifihliwe kuwe."

68 Futhi ngithi kwiMelika! Ngifisa sengathi bengingabenza, ngalomzuzu, bezwe iphimbo lami. Anisibo abangazazi lezizinto! Njengoba izizwe ngaphambili sonile futhi senze lokhu esikwenzile, silinganisiwe esikalini, safunyanwa silula. Kwenzekani kwiFransi na? Kwenzekani kwiJalimane na? Kwenzekani kwezinye izizwe ezahamba "iwayini, abesifazane, nesikhathi esikhulu na"? Kuhlala njalo kuphuma ngaleyondlela, futhi asigomekile ekwahlulelweni. UNkulunkulu ulungile.

69 Wayesethi, "Uyihlo, ukuthi uNkulunkulu wamenza kanjani waba yisizwe esikhulu, kodwa wena wakukhohlwa. Futhi wenze izinto ezifanayo nozenzayo, noNkulunkulu wamphendula waba yisilwane sasendle." Wathi, "Uzazi kahle lezizinto, futhi manje-ke usuthatha izitsha zaKhe ezingcwele futhi uhlekisa ngazo." Qaphelani. Wathi, "Umbhalo ubekwe obondeni, futhi ngalesisikhathi umbuso wakho ubaliwe." Ngamany'amazwi, "Buka lapha, mfo, izinsuku zakho zibaliwe! Umbuso wakho uyasuswa kuwe futhi unikezwa esinye isizwe, esinonya, isizwe esingamesabi uNkulunkulu," leso esi—leso esibi

njengoba benjalo. UNkulunkulu wenza isono silwe nesono. Ngiyamangala, namhlanje!

70 Ngaso lesosikhathi esifanayo, ake ngisho kuqala, ngenkathi imi lapho, ibhekisisa lowoMbhalo obondeni, yayingazi ukuthi khona impela phansi kwamasango, ngaso lesosikhathi, abalindi base bebulewe. Namasosha ayesesemigwaqeni, ebulala ngokucekela phansi abalindi basesigodlweni. Ayesesezitebhisini. Nalabo besifazane bemi lapho, bengekho ezinganeni zabo, bengekho kubayeni babo, nabayeni emakhosikazini abo, bonke bedakwe nya, belalele olunye uhlobo lomdanso wesimodeni futhi beqhubeka. Namasosha ayesezitebhisini, emizuzwini embalwa inkosi yayizogencwa ilahlwe phansi. Sonke lesosigejane sesilisa esidakiwe sasizogencwa silahlwe phansi, yisizwe esinokuphika uNkulunkulu, esikhwelwe amademoni. Nabesifazane babezohlutshulwa izingubo zabo, amatshitshi nabo bonke, futhi banukubezwe emgwaqeni; bese bebanjwa ngezithende bese besakazwa ngamakhanda ezindongeni. Abahlahlele emva kokuba kade esehlale nabo enkanukweni; ahlanyayo, amasosha adakiwe! Kwase kusemnyango, ngokuba balinganiswa esilinganisweni, futhi bafunyanwa belula.

71 Futhi ngiyamangala, namhlanje, kukho konke okwethu kwesimodeni okwenzekayo, konke ukuhleka nokuhlekisa ngezinkonzo zokuphilisa, kuhlekwa futhi kuhlekiswa ngeBandla likaNkulunkulu ophilayo, futhi kuqhutshekwa njengoba iBhayibheli lathi bayokwenza, "Abanamawala, abakhukhumele, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika."

72 Ngiyamangala, ngalolusuku uma sicabanga ukuthi siphephe kakhulu, futhi, khona manjalo, sithola ukuthi iRashiya ingaphambi kwethu ngeminyaka emihlanu kwisayense.

73 Sibe namadili amaningi kakhulu. Sigxambuze kakhulu esonweni. Ibandla lilele hho, alisayikhathaleli imihlangano yemikhuleko. Abanandaba. Babeka iphimbo limelane nowangempela, uMoya kaNkulunkulu ophilayo weqiniso; ngeke babenayo. Bagcwele kakhulu ubuhlelo, bagqokiswe kakhulu! Abanasikhathi semihlangano yemikhuleko, bakumatelevishini nasemabhayisikobho, futhi belokhu bethilileka, nasemadilini abadakiwe nezinto. Lelo yiqiniso!

74 Lokho kungezwakala kuyifeshini endala, kodwa kuyilokhu isizwe esikudingayo namhlanje. Kuningi kakhulu ukwenza ubutabane ngaseVangelini, kube kufakwe amaglavu erabha. Lifanele libanjwe ngezandla zingafakwe lutho, ngoMoya oNgcwele. Qiniso!

75 UBilly Graham wathi, cishe evikini noma amabili edlule, komunye wemilayezo yakhe, wathi, "Lesisizwe singaba

yisikhonzi kwiRashiya, noma yisiphi isikhathi iRashiya efisa ngaso." Sikuphi na?

76 Niyothenga amarekhode kaElvis Presley, bese nihlala ekhaya nisuka ebandleni ukuba nizwe u *SiyaMthanda uSucy*, ngolunye lwalezizinsuku! Nilinganisiwe esilinganisweni, futhi nafunyanwa nilula! Kwenzenjani na? Kukhona isandla esiloba odongeni!

77 AmaRashiya abeke phezulu isiputniki esingeke sasilawula, amamayela angamakhulu amahlanu ukusuka emhlabeni; futhi abengabeka ezinguhhafu wedazini phezu kweUnited States emizuzwini engamashumi amathathu elandelayo, bese eshaya ucingo bese ethi, "Zinikeleni, noma nibe yinqumbi yemilotha emizuzwini embalwa." Angakwenza. Akukho lutho esingalwenza ukuba siwavimbe. Kusezandleni zawo, angenagazi, angenanhliziyo, amakhomanisi angamesabi uNkulunkulu! Yilokho uNkulunkulu akwenzayo ukwenza isono sibe sobala. Impela unjalo. Uma nizofunda iBhayibheli, iRashiya izokwenza lokho ngokweSambulo. Kulungile, nina bothisha besiprofetho ningahle nehluke kuLokho, kodwa lindani nje kuze kwedlule. IRashiya ibekwe lapha ngenxa yaleyonhloso impela. IBhayibheli lasho njalo.

78 Manje nansi nesiputniki. Sazama ukudubula esisodwa ngobunye ubusuku, sasicabanga ukuthi sasizokwenza impela kakhulu njengoba enza; sasuka amafidi amathathu emhlabathini, futhi saphelela phansi. Umculo omningi kakhulu wokuzibinya nesono! Silinganiswa esilinganisweni, futhi sifunyanwa silula. Nkulunkulu, sihawukele!

79 Sizokwenzenjani na? Bekuyokwenzekani ukuba abeyothumela lezoziputniki phezulu naleyomicibisholo ejikijelwayo, bese ithi, "Zinikeleni, noma nibe yindunduma yothuli emizuzwini embalwa na"? Kusobala, uhulumeni wakithi, ukusindisa impilo, ubengazinikela. Yileyonto kuphela abebengayenza.

80 Manje-ke bekungenzekani kwabanye benu maMelika, sonke siphakathi lapha; hhayi lapha, kodwa ngiqonde ukukhuluma ngokwezwe lonke na? Ngikhuluma ngokwezwe lonke!

81 Nina bozihlakaniphi ezinokuziqhenya, bamantombazane enihambe nigijima nezindebe zenu ezincane zipendiwe njengohlobo oluthize lomqumbe wembali; futhi nihleke umshumayeli ekhoneni, eshumayela iVangeli. Nawe, bhungwana tshitshana, ocabanga ukuthi unobuningi kakhulu ubuhlakani bobuqili kunoma unenhlakanipho ongayilawula!

82 Kuzokwenzekani kuwe, baba, ohlezi ekhaya ebusuku nomama futhi ubuke itelevishini, ngenkathi omncane esensimbini eshisayo, nosisi esezansi enkantini ndawondawo, futhi usezansi lapho enza umculo wakhe wokuzibinya na? Futhi nibukela itelevishini, futhi nihlekisa ngeVangeli!

83 Kuzokwenzekani kuwe, lunga lebandla na? Uzoba yini umphumela wakho na? Ungahle ube negama lakho kuzo zonke izincwadi, noma ibandla elikhulu kunawo onke edolobheni; kodwa ngaphandle uma usekuphepheni kweGazi leNkosi uJesu, uyobhubha nalabo abayobhubha, alikho ithemba ngawe.

84 Kuzokwenzekani na? Kukhona isiputniki phezulu lapho. Futhi bekuyokwenzekani na? Isizwe besizozinikela, kusobala, yiyonanto eqotho uhulumeni abengayenza.

85 Manje-ke kwenzekani na? Amagagasi ngamagagasi, emithwalo yemikhumbi yamasosha; amagagasi ngamagagasi, amabhanoyi; abengehlela kulesisizwe. Abesifazane bebenganukubezwa emigwaqeni. Ubungenzani wena na? Lingelabo. Bakukhahlele bakukhiphe ekhaya lakho, bayolidla.

86 Kuyokwenzekani kini matshitshi, nawe nsizwa, nani nonke ngalesosikhathi na? Isono sizohlawula! Akunandaba ukuthi sizwe sini, noma ubani, siyakwenza. Umuntu ngamunye, noma isizwe, sizohlawula! Nesigejane esinonya, esingamesabi uNkulunkulu, imihlathi enobuhwanqa, amasosha obukhomanisi abeyodumela omkenu futhi abanukubeze, amatshitshi enu. Futhi beniyoma futhi nikuthande, ayikho into eningayenza ngakho.

87 Yini ebangela lokho na? Ngoba nilalele into enjengalezizinhlelo zamatelevishini emculweni wokuzibinya nesono, nomshumayeli othize obandayo onguye ngegama nje engakwazi ukuhumusha okungaphezu kwemvelo. Isandla esilobayo sisodongeni! Kunjalo! Futhi silinganiswa esilinganisweni, futhi safunyanwa silula.

88 Lokho bekungenzeka nini na? Ngaphambi kokuba kuse ekuseni. Ubani ozokuvimba na? Kuzame. IBhayibheli lithi kuzokwenzeka.

89 Kodwa ake nginitshele, lokho akusoze kwalithinta iBandla likaNkulunkulu ophilayo, siyobe sesihambile ngalesosikhathi!

90 Ngakho, mngane, lalela. Uma leyonto isisondele kakhulu, futhi sibona isandla esiloba odongeni, ayikho into engavimba lento ekutheni yenzeke manje.

91 IMelika ishunyayeziwe, okungaphezu kwemvelo kwenziwe, futhi ngokuqhubekayo bagxambuza ngqo phezu kwesiqongo saKho.

92 Hamba uye ezweni ndawondawo futhi ubambe imvuselelo, futhi ube nabaphendukayo abangamashumi amane ngeviki; bese uyabuya emavikini ayisithupha, awunabo abane. Isiziba esidala somiswe yinetha lokubamba izinhlanzi. UNkulunkulu unabaningi kakhulu nje Abakhethile. Futhi uma owokugcina esengene, lokho kuvala umnyango futhi sekuphelile.

93 Manje-ke akusekho lutho olusele kodwa ukwahlulelwa uma isihawu sideleliwe. Futhi lapha sisekupheleni komgwaqo.

Okungaphezu kwemvelo kuyenziwa, Bekuhlekwa futhi kwahlekiswa ngakho. Nento yokugcina, uNkulunkulu ufike ngaMandla aKhe uQobo, eNdodaneni yaKhe uQobo ethandekayo, ukuba asebenze ngeBandla laKhe, futhi bathi Ku "ngukukhonza imimoya yabangasekho," noma, "uDeveli." Yini enye engasala ngaphandle kokwahlulelwa na? Futhi nasi isandla esiloba odongeni!

94 Kodwa, uma lokho kusondele kangako, futhi noma yimuphi uthisha uyazi ukuthi iBandla liya oHlwithweni ngaphambi kokuba inhlupheko ingene. Ngakho uma lokho kusondele kangako, kungenzeka ngaphambi kwasekuseni, kuthiwani-ke ngoHlwitho na? Lusondele kakhulu kunalokho! O, malibusiswe iGama leNkosi! UkuFika kweNkosi sekuseduze. UMbhalo ulotshiwe, futhi ulotshwe eBhayibhelini, futhi siphilela ukuwubona.

95 Nizokwenza, ngokuncenga kwephimbo lami, nemukele uJesu Kristu ngalelihora na? "Phendukani, nibhaphathizwe," kwasho uPetru, "yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele; ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nabo bonke abakude. Ngokuba alikho elinye igama elinikiwe phansi kweZulu kubantu, eningasindiswa ngalo." Ngaphandle uma ungokaKristu! Ubungaba yiMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iNazarene, iKatolika, ulahlekile uze uphenduke ube ngokaKristu! NoKristu angene kuwe, ngukuZalwa okusha ngoMoya oNgcwele. Memukele kulobubusuku, sisakhuleka.

96 Amakhanda enu ekhotheme. Ngiyamangala nje kulokhu, bangaki phakathi lapha owaziyo ukuthi lento enkulu ibingenzeka na? Ungahle uye embhedeni kulobubusuku nomkakho, futhi ekuseni uyobe eseshonile. Wena, baba nomama, ungahle wange omncinyane wakho eseyolala, kulobubusuku, futhi ekuseni umbhede omncane awusenalutho. Futhi uyogijima wehle ngomgwaqo, ukuyothola ukuthi kwenzekeni kuNkk. Jones, useshonile, naye. UHlwitho seluseduze, iBhayibheli likunikeze ngokucacile.

97 Futhi kulomhlangano, nisenethuba, njengowesilisa we—wenhlakanipho, nabesifazane benhlakanipho, awulaleli ngani kulokho kubizwa enhliziyweni yakho, bese uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngigcwalise ngalokho kuPhila okuPhakade." Ngoba, uma umoya wakho usalokhu unomqondo wenhlakanipho, uboshwe ngumhlaba. Kodwa uMoya kaNkulunkulu, ovela eZulwini, ufika ungene enhliziyweni yakho futhi ukuphe uMoya oNgcwele, phakathi kuwe. Uma kufika inhlupheko, uMoya (uMoya oNgcwele) ubuyela kuMenzi waWo, bese wena uhamba naWo. Akunandaba ukuthi wena ukholwa kangakanani, ungeke wona uhambe ngaphandle uma kukhona Into ethize phakathi lapho ukuba ikuthathe.

98 Bangaki kulobubusuku, amakhanda enu ekhotheme, ebusweni baloMlayezo, ungaziphakamisa izandla zakho kuKristu, bese uthi, “Nkulunkulu, ngigcwalise ngoMoya waKho oNgcwele. Futhi uma Ungahle ufike, ngifuna ukuhamba naWe na”? Ungaziphakamisa izandla zakho na? UNkulunkulu anibusise, nje yonke indawo ebandleni. Ngokuyikho ngempela, amakhulu amabili, noma ngaphezulu, izandla ziphakamele emoyeni.

99 Mngane oyisoni, uma ungakaze umemukele uKristu, ungakwenza ngalesisikhathi ukuthi uphakamise isandla sakho, bese uthi, “Nkosi Jesu, ngihawukele na”? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise ngapha, wena emuva lapho. Omunye futhi, “Ungikhumbule nje, Nkosi.” UNkulunkulu akubusise ngapha, ezansi lapha. INkosi ibe nawe. “Ngikhumbule, O Nkosi. Amehlo ami asanda kuvuleka nje. Ngiyaqonda ukuthi mhlawumbe bengizisho ukuthi ngingumKristu isikhathi eside, kodwa angikaze ngikwazi ukuthi kuyini ukuzalwa ngokusha. Angikaze ngimemukele uMoya oNgcwele.”

100 “Ngakho-ke, uma umuntu engazalwa ngokusha, angengene eMbusweni, noma angeke ngisho awubona uMbuso.”

101 Ungasiphakamisa isandla sakho, bese uthi, “Ngihawukele, O Moya oNgcwele. Futhi uma Usufikela iBandla, ngithathe na”? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Angabakhona omunye, “Ngikhumbule, O Nkulunkulu.” Busiswa, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. “Ngikhumbule, O Nkulunkulu.” UNkulunkulu akubusise wena lapha, mfo osemusha. UNkulunkulu akubusise lapho, nenekazi. Emuva lapho, ntombi, emuva. Nawe emuva lapho, nenekazi. “Ngihawukele, O Nkulunkulu, uma ngibona isandla siloba odongeni. Ngihlakaniphe ngokwenele, ngithi, ukubona lokho okushiwo kuphuma eBhayibhelini, kulobubusuku, ukuthi lokhu ngukuphindwa komlando.”

102 Sisekupheleni. Akukho okungasiza. Into ezobhubhisa izwe isezandleni zomuntu oyisoni.

103 Kusekhona abanye nje futhi abambalwa. Ungahle ube ngowokugcina omiselwe ukuza kuKristu. Uma kufika lowo wokugcina, ukwahlulela kuyagadla; kusasilele into eyodwa nokho, lowo kungahle kube nguwe. UngaMemukela kulobubusuku sisalindile na?

104 Ezithi azibe ngamashumi amabili, izandla ezingamashumi amathathu besiphakeme. Manje asinandawo lapha yokwenza ukubizela ealtare, ukuletha abantu ngaphambili lapha, ngoba asinandawo. Kodwa ngizonicela, impela, o, yibani qotho futhi nilalele iphimbo lesixwayiso. Yibani qotho futhi nicele uKristu, khona lapho enihlezi khona, “Nkosi, ngihawukele, isoni, futhi ungemukele ngaphambi kokuba ngedlule ngaleya kweveli

lesihawu. Ngaphambi kokuba ngone usuku lwami lomusa ludede, ngihawukele, Nkosi," futhi Izokwenza.

Manje khulekani kanjalo ngenkathi ngisakhuleka kanye nani.

105 Nkosi ebusisiweyo, simi esimweni esibi ngokwesabekayo kulobubusuku. Njengoba sifunda iZwi laKho, futhi sazi ukuthi cishe impela noma ngaliphi ihora imisakazo ingabaneka, namabhendi omculo wokuzibinya ucule u "*Mangisondezwe, Nkulunkulu Wami, KuWena*," kodwa isikhathi sesedlule ngalesosikhathi, ukwahlulela sekugadlile. Imicibisholo ejikijelwayo isikhonjwe kithi. Imbubhiso, ngamamayela ngamamayela, ngamathani ngamathani a—amandla eatomu ashanela umhlaba, kanjalonjalo, engokhela ngomlilo umhlaba wonke. Futhi usezandleni zomuntu oyisoni. NeBhayibheli lasho ukuthi leyo yindlela okuzokwenzeka ngayo. Futhi sibona isandla esiloba odongeni.

106 O Nkosi Nkulunkulu, angifanele ukuzama ukuletha uMlayezo onjengalona kubantu. Futhi ngiyazizwa ukuthi ngimncane kanjani, ngimi lapha, ukuzama ukuba ngiphathe indaba enje, kodwa Uzongithethelela ngenxenye yami yokungakwazi ukukwenza. Kodwa ngandlela thize, enhliziyweni yami, ngicela Wena ukuba uzikise uMlayezo, ngendlela Obungathanda ngayo, ezinhliziyweni zabo, ngokuba ngiyalibona ihora lisondela. Futhi yiba nesihawu, Nkulunkulu, futhi usindise lowo ngamunye, futhi ubagcwalise ngoMoya oNgcwele. Futhi kwangathi bangaba ngabantwana baKho, ngokobuNkulunkulu basongwe ekulungeni kwaKho, futhi bemukele ukuvikeleka eNkosini uJesu.

107 Ngokuba, isizwe sakithi asivikelekile. Besicabanga ukuthi besivikelekile. Wacabanga kanjalo noMbuso waseBabiloni, kodwa, ngaso sonke isikhathi, kwakukhona isizwe esibi esasisebenza. Futhi kwakukade kukhona isizwe esibi sisebenza, kuze kube manje siyazi ukuthi bayasedlula, futhi sisemseni wabo.

108 Nkosi, iBandla lisemseni waKho. Bayobhubhisa; kodwa Wena Uzothatha iBandla laKho. O Nkosi, sithathe usingenise ekunakekeleni kwaKho, kulobubusuku. Futhi sibusise ngenxa kaJesu; naseGameni laKhe siyakhuleka. Amen.

109 Kahle nje, umzuzu. Hloniphani.

> Kahle nangomusa uJesu uyabiza,
> UBiza wena na . . .

Sisacula manje, thatha uhlu lokubhalwe phansi.

> ESangweni Ulindile ubhekile,
> Ubheke wena nami.

Woz'eKhaya, (Kuphi na? Khuphuka, khuphukela phezulu.)
Nina enikhatheleyo wozan'eKhaya!
Ngobuqotho, ngomusa, uJesu uyabiza
Uyabiza, O soni, Woz'ekhaya!

[Mfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Kahle Nangomusa*—Umhl.]

110 O, akuyikuba yisikhathi esimangalisayo kukho ukuba kwenzeke manje na! O, kulungile, nangasiphi isikhathi Uhlala emi ngomumo. Amen! Ngijabula kakhulu ukuMazi. Ngijabula kakhulu ukuthi lomzimba oyintengentenge, oshwabanayo phezulu lapha, uzoguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazama kweso. Ngiyophenduka ngibe yinsizwa futhi, ukuba ngiphile kuze kube-phakade.

Abadala bayoba basha lapho phakade,
Baguqulwe ngomzuzwana wesikhathi;
Ongayikufa, uyoba esekufaneni naYe,
Izinkanyezi nelanga bayokhanya bazedlule.

Ithuba linje pho, ningaMxoshi.

O, Uyothanda kanjani ukuba Athi, "Wenze kahle,"
NgaloloSuku lwaPhakade!
Ningamxoshi uMsindisi othandekayo enhliziyweni yakho,
NingaMxoshi. (Makube yilobubusuku.)

111 Bangaki abaMthanda ngenhliziyo yenu yonke, futhi senilungele uma Engahle afike na? O, kuyabongeka! Anizizwa nje sengathi nikolobhekile manje, ngaphakathi na? IVangeli, sigezwa ngamanzi eZwi. Yeluleka nje eduze kwakho, bese uxhawula na nomunye, uthi, "UNkulunkulu akubusise. Ngizizwa ngikahle ngempela nje. UNkulunkulu akubusise, mhambi. UNkulunkulu akubusise, dade, mfowethu." Siyindoda ehamba phansi emgwaqeni.

Ngihamba emgwaqeni omkhulu omdala omuhle,
Ngibatshela noma ngiya kuphi,
Ngiqoka ukuba ngumKristu oyisidala, Nkosi,
Kunanoma yini engiyaziyo.

112 Manje ngesikhathi sisekulomzuzwana nje wokuhlonipha, ngikholwa ukuthi sesithe ukwedlula isikhathi ukuba sibize umugqa womkhuleko. Asi...Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uthokoze kakhulu, lesisibalo esikhulu siza kuKristu. Manje zitholele ibandla ngokukhulu ukushesha, ubhaphathizwe bese uyongena kulelobandla, ibandla eligcwaliswe kahle ngoMoya, futhi lapho uhlale ngangokuphila kwakho.

113 Yimiphi imisebenzi uKristu athembisa ukuthi Uyoyenza na? Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyoyenza." Manje-ke, uBuKhona baKhe bulapha. Manje-ke, ngiyazi, bangane. Ngi—ngiyazi, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi uJesu ulapha. Ukhona uMuntu lapha, NguMuntu ofanayo owahamba eGalile. NguMuntu ofanayo owanihlengayo ngeGazi laKhe, futhi waniphilisa ngemivimbo yaKhe. Futhi Ulapha ukwenza nokwenza konke Akwenzayo, ngoba UyiNkosi uJesu ofanayo.

114 Manje asikhuleke umzuzwana nje, ngokuthula. Yibani semkhulekweni nje ngenkathi ngisazama ukuthola umqondo kaMoya oNgcwele. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.]

115 Ngakho, lowomnyuziki omnandi, ukuthi abantu kulokhu ukuzwa ubuhlungu kulobu ubusuku bebengathanda kanjani ukuzwa lokho! Abantu cishe abahlale esihlalweni enihlezi kuso kulobubusuku, ulizwile iVangeli, futhi wedlula, usekuhlushweni kulobubusuku, ukuthi bebengathanda kanjani ukuthatha lesosihlalo enihlezi kuso; sebeye kude kakhulu manje. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.]

116 Nkosi, Wena Owenza amaZulu nomhlaba, Wena Owathuma iNkosi uJesu obusisiweyo lapha emhlabeni; nakuYe kuhlala ukugcwala kukaMoya. Futhi Wena ushilo, ngezindebe zaKhe, "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha. UMvini awutheli isithelo ngokwaWo, kodwa amagatsha lithela isithelo." Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Wena Uzozibonakalisa kulobubusuku, phakathi kwethu, ukuze lababantu bazi ukuthi uMlayezo osanda kushunyayelwa, ovela kuWe, ukuthi Uyasexwayisa ukuba silungele, nezinsuku zokugcina seziseduze.

117 Kungahle kubekhona abantu abagulayo abahlezi lapha, Nkosi. Banike isibindi, ukuze baphiliswe, ngokuba sicela lokhu ngenkazimulo kaNkulunkulu. Manje, Nkosi, njengoba sizinikela kuWe, njengeBandla likaNkulunkulu ophilayo; siyabona, ngiyethemba, zonke izandla phakathi lapha ziphakamile. Futhi ngizocela Wena, kulobubusuku, Nkosi, ukuba usenzele into ethize ekhethekileyo. Futhi siphe njengamanje ukuba lababantu bakwazi ukuzinikela ngangokuthi uMoya oNgcwele uzohamba phakathi kwabo, ngokukholwa okukhulu, nokuthi ngize ngikwazi ukuthi ngizinikele kuWe, futhi Wena ukwazi ukuthi usebenze ngeziphiwo zaKho futhi Uzifakazisele wena phakathi kwethu; ukuthi, kungahle kubekhona izihambi phakathi kwethu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

118 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .ngoba Uhlala njalo ekhombisa isihawu ngaphambi kokwahlulela. Ngizocela abefundisi nje ukuba basale lapho, futhi bakhuleke. Asikhuleke.

119 Futhi manje, ikakhulukazi, kade ngishumayela, futhi ngi—ngizocela nje mhlawumbe nina-bantu lapha ngaphambili,

kumbe noma ngabe nikuphi, ukuba nje niqale ukusho lokhu. IBhayibheli liyasho ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Awu, manje-ke, uma EngumPristi oMkhulu obekhona izolo, Uyafana namhlanje; manje-ke ukusebenza kwakhe okufanayo Akwenze izolo, Uzokwenza namhlanje uma Efana. Kunjalo na? Ngakho uma Engathintwa manje, uMthinta ngokuzwelana nobuthakathaka bakho, futhi uMvumele aphendule.

120 Cabanga nje, ngenkathi Ema ezungeze izethameli ezinjengalezi ngoluny'usuku, kwaba khona umuntu owakhuphukayo, obizwa ngoPetru, noma igama lakhe kwakunguSimoni. Futhi Wathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase. Kodwa, kusukela emva kwalokhu, uzobizwa ngoPetru." Waphenduka waba ngubani na? Umphostoli othandekayo.

121 Ngenkathi uFiliphu efumana uNatanayeli, futhi wakhuphuka, Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye," ngamany'amazwi, "umKristu, umuntu oqotho."

Wathi, "Ungaze kanjani, Rabi na?"

122 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi uphansi komuthi, Ngakubona."

123 Owesifazane enomopho uyaphuma. Ubuka izethameli.

124 Babecabanga ukuthi imisebenzi yaKhe wawungokaDeveli, futhi basho enhliziyweni yabo, "UnguBelzabube." Futhi Wayeyibona imicabango yabo. Kunjalo na?

125 Wathi, "Angenzi lutho ngize Ngiboniswe nguBaba kuqala. Nemisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyoyenza." Ngakho Ufanele, uma Esebenza eBandleni laKhe, ngenxa yokuthi yiZwi laKhe.

126 Manje ngifuna ukunibuza. Uma kulezizethameli, okungenani abantu ababili noma abathathu, iNkosi izopha ukuthi bazoba nokukholwa okwenele ukuba athinte ingubo yaKhe, futhi Uyobuya eMoyeni waKhe futhi enze impela nse njengoba Enza ngenkathi Eselapha emhlabeni, ngabe nonke benizokweneliswa ukuba niMemukele njengomphilisi wenu na? Benizokwenza na? Thanini, "Amen," uma benizokwenza. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwangathi Anganipha, ngumkhuleko wami. Manje khulekani nje. Futhi uma ni . . .

127 Bangaki abantu abagulayo phakathi lapha ofuna ukuphiliswa, phakamisa isandla sakho. Ndawo zonke nje, kulungile, abantu abagulayo ofuna ukuphiliswa.

128 Manje, uma kukhona noma ubani kulendlu engi . . . Angazi noyedwa kwengibabukayo.

129 Ngicabanga ukuthi lona nguRosella ohlezi lapha, intombazane encane eyayihlulwa wuphuzo, eyabizwa emhlanganweni ndawondawo, yayikade yehlulwa wuphuzo,

nodokotela base beyedlulisele phezulu. Yona, ngenkathi ibizwa yiNkosi, intombazane iyazi angikaze ngiyibone noma ngazi ngayo. NeNkosi yayitshela yonke impilo yayo nesimo sayo, futhi yayitshela ukuthi yayizosinda. Futhi nansi ikhona kulobubusuku, umklomelo womusa kaNkulunkulu. Yehlulwa wuphuzo, kwaze kwathi udokotela emva kukadokotela bamenqaba, ngisho nalabo Abalwa noPhuzo. Ngiyayazi.

130 Kodwa, ngamany'amazwi, ngineqiniso impela ukuthi lomfowethu ongibukayo, ohlezi khona lapha efake isudu empunga, ungumfowethu osilethela izimbali. Ngikholwa ukuthi kunjalo. A—angisalikhumbuli igama lakhe manje. Wayesezansi endlini yami esikhathini esingeside esedlule, noMfowethu Boze; uShultz, uMfowethu Shultz.

131 Ngaphandle kwalokho, bengicabanga ukuthi ngibone uMfowethu Fred Sothmann emizuzwaneni embalwa edlule nje, ndawondawo endlini, kodwa sengikhohliwe ukuthi bekukuphi manje. Nokho, ubekhona, ukhona lapha ndawondawo.

132 Futhi a—angazi noyedwa. Kodwa uNkulunkulu unazi nonke. Uma nje nizokhuleka futhi nicele uNkulunkulu, ahlole ukukholwa kwenu.

133 Futhi akunganyakazi-muntu yonke indawo manje. Hloniphani ngempela okwemizuzwana embalwa elandelayo. Manje. "*Kholwa Kuphela*," uma nithanda. Futhi ngokuhlonipha konke eningakwenza nje okwemizuzwana embalwa, futhi hlalani nje nithule. [Umshayi we ogani uqala ukushaya elithi *Kholwa Kuphela*—Umhl.]

134 Cabangani nje, uKristu wakwethembisa. "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi . . . Ngi, hhayi omunye." u *Ngi* uyisabizwana somuntu. "Ngiyakuba nani kuze kube sekupheleni kwezwe. Izinto eNgizenzayo mina, niyakuzenza, nani." "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngabe kuyiqiniso na? Kufanele kube yiqiniso!

135 Awu, ngithokoza kakhulu eNkosini. Benginga . . . Ningaphakamisa amakhanda enu uma nifisa.

136 Khona lapha ekhoneni, kukhona inenekazi elihlezi khona lapha ekhoneni. Ngowesifazane oyikhaladi. Nenekazi, angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Kodwa kukhona lokho kuKhanya ngaphambi nje kowesifazane manje. Une . . . Uma iNkosi izokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, nokuthi ukhuleka mayelana nani, uzokholwa ukuthi yiNkosi uJesu ukuba ikusize na? Ufanele ukuthi usenkathazweni, noma into ethize oyifisayo, ngoba nakho.

137 Niyabo, bangane, wena uthi, "Awu, angiKuboni." Lokho kungenzeka ukuthi ubungeke waKubona. NgiKubuka ngokuthe ngqo. Niyabo? Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, uma ungaKubona ngemizwa yakho, ngingakubona, nami." O, qha.

138 UPawulu wakubona Lokho, uJesu esesimweni sokuKhanya, nalabo ababekanye naye abaKubonanga. Niyabo? UMegi wabona iNkanyezi, ukuKhanya okwabaholayo, kodwa akekho omunye owaYibonayo. Kungokwabanye nje. Yiziphiwo.

139 Owesifazane uphethwe amankanka. Kunjalo. Uphethwe yinhliziyo futhi. Kunjalo impela. [Owesifazane uthi, "Udumo! Haleluya! NgiyaKubonga, Jesu! Haleluya!"—Umhl.] Lalelani. Igama lakho ungu, bakubiza ngoEssie. ["Kunjalo."] Ehhe. Isibongo sakho ungu Upshire. ["Kunjalo, Mfowethu Branham."] Wakhe eNyakatho noMgwaqo uCleveland. Ikheli lakho lithi 1264. Kunjalo impela. ["Yilapho engakhe khona."] Eyakho... Uthinte Into ethize, nenekazi. Uyazi awuzange uthinte mina.

140 Leyontombazane ehlezi eceleni kwakho lapho, iyakhuleka, nayo. Futhi ikhulekela omunye umuntu, futhi lowo ngu, mama wakho, futhi inokuthize okungalungile emaphashini ayo. Futhi uxhumene ngokuthile nalona wesifazane *lapha*, ungumalokazana wakhe. Negama lakho unguMargaret. Kunjalo. Futhi wakhe endaweni efanayo. Ngiyakubona uza, futhi ungena.

141 Ucabangani ngakho, mnumzane, indoda elandelayo ehlezi lapho na? Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na? Uyakholwa na? Uma iNkosi izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMemukela na? Uphethwe yisisu. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho. Kuyikho. Ungumshumayeli.

Isizathu, wena uthi, "Ubuka izingubo zakhe zobufundisi."

142 Kulungile, nangaphandle kwalokho, ukhona okubheke ukuthi ube yiPresbyterian, kodwa ungumshumayeli wePentecostal. Kunjalo. Amen. Ukuguliswa kwakho yimizwa yikhona okwenze isilonda sakho. Sesiphelile. Hamba uye ekhaya usinde, mfowethu. Amen.

Kholwa nguNkulunkulu! Ungangabazi nje.

143 Ucabangani, uhlezi khona lapha na? Yebo. Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Noma, ufuna into ethize kuNkulunkulu na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini oyifunayo, uzokholwa ukuthi Okungaphezu kwemvelo kuyenziwa na? Uyakholwa ukuthi kuyikho impela uJesu abezokusho na? Yonke inhliziyo yakho na? Unesimilela, nalesosimilela sisenqulwini yakho. Kunjalo. Kanti futhi uphethwe yisisu, sibangelwa ngokusuka esimweni sokuguliswa yimizwa. Kunjalo. Igama lakho unguEva May. UReadman yisibongo sakho. Wakhe emgwaqeni, onguMgwaqo u 1378 West no13. Kuyiqiniso lokho. Ukuze wazi ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, leyo yintombazane yakho encane ehlezi lapho. Uyifunela umkhuleko. Leyontombazane encane inemimongozima, futhi iphuma kuyo uma ijabule ngokweqile noma ikhala kakhulu impela. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lowomfana omncane ungumfowabo. Kunjalo.

Umfana omncane, naye, umfunela umkhuleko. Ukhathazwa ukuqumbelana, futhi wehle kakhulu impela esisindweni maduze nje, futhi. Akazange na? Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

144 Owesifazane omhlophe ohlezi eceleni kwakho, ubonakala sengathi uthikamezwe yinto ethize. Uyakholwa, dade na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uthumele iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, ukuba amemezele esizukulwaneni sabeZizwe ukuthi Uyeza masinyane na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Ukhathazwa yizindlala ezikuphetheyo, kanti futhi nokukhathazwa yinanzi, futhi uguliswa yimizwa. Awusuye owakulelidolobha, futhi. UngowaseDetroit. Inombolo yakho, lapho owakhe khona, ngumGwaqo uFandler 12134. Kunjalo. EDetroit, eMichigan. Ungowase Itali. Igama lakho unguViola P-o-l-o-f-. . . Polofmba. Ehhe. Kholwa nguNkulunkulu, bese wemukela lokho okucelayo.

145 Nicabangani, phansi *ngapha* na? Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na?

146 Wena-ke, nenekazi elincane elihlezi lapho na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, nenekazi elincane ekugcineni lapho na? Awu, omunye phakathi kwenu, akunandaba. Ucabangani, wena lapho eduze kwakhe ngqo na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, mama omncane ohlezi, ongibukayo na? Ucabangani ngakho na? Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ubezokuphilisa kuleyomithambo eqhansile onayo na? Uyakholwa na? Mhlawumbe ubuzocabanga lokhu, ubuzokholwa kakhulu uma bengizokutshela ukuthi umyeni wakho ubenokukhathazwa yindlebe. Ubufuna akhulekelwe. Kunjalo impela. Manje uyangikholwa na? Ubungakutholi ekuqaleni. Lokho kuthe ukukuvusa entweni, ngoba wemukele ukuphiliswa kwakho ngaso lesosikhathi.

147 Uphakamise isandla sakho, eduze kwakhe, nenekazi. Ucabangani ngakho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubezokusindisa na? [Owesifazane uthi, "Ngiyazi ukuthi Uzongisindisa."—Umhl.] Uzosinda na? Kulungile, manje-ke ukuqaqanjelwa kwakho ngamalunga omzimba kuzokuyeka.

148 Ucabangeni, mnumzane na? Wena ovayizele ngezandla zakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphilisa ekukhathazweni kwakho yinhliziyo, akusindise na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na?

149 Wena ohlezi, ongibukayo lapho, uyakholwa, futhi na? Ufuna uNkulunkulu . . . Ubunokukhathazwa yinhliziyo, futhi, awuzange na? Yebo. Futhi ubunesifo sikashukela, futhi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Ngakho ungaba nakho-ke.

Awukholwa na? Kholwa nguNkulunkulu!

150 Kuthiwani phansi phakathi *lapha na?* Wena, mnumzane, ohlezi lapho ekugcineni kwesihlalo, uyakholwa na? Ufanele,

usanda kuphiliswa. Niyabo? Unenkathazo yonyawo, ubungenayo na? Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu. . . Kodwa usukhulekela omunye umuntu manje, lowo ngumfowenu. Futhi useWisconsin. Usanda kuba nokuhlinzwa emaphashini akhe, uhhafu walo wakhishwa. Kunjalo. Uyakholwa na? Manje-ke ungakwemukela okucelayo. O, malibusiswe iGama leNkosi!

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni inkazimulo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onke amabala.

151 Nkosi ebusisiweyo, sizoKubona ngolunye usuku uza ngaleya emaZulwini. Siyazi ukuthi Ulapha manje eMzimbeni kamoya, Uzimemezele Wena uqobo ngokuphelele kithi. Izwe ngeke lakufunda lokho, Nkosi. Asikubhekile ngisho kube njalo, ngoba Wena wathi, "AbasayikuNgibona." Kodwa siyazi ukuthi Wena unabantwana abangaKubona. Sinabantwana abaKwaziyo. Futhi siyabonga ngakho.

152 Futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzoshanela kulendlu, noMoya oNgcwele omkhulu, futhi uphilise wonke umuntu ogulayo ophakathi lapha. Njengamanje uthole inkazimulo kuWe uqobo, Nkosi. Kwangathi abantu bangehlale ekufeni, kodwa kwangathi bangavuka bakhanye, futhi—futhi banike uNkulunkulu udumo nenkazimulo. EGameni likaJesu.

153 Uma niMkholwa, yimani ngezinyawo zenu futhi niMnike udumo ngenhliziyo yenu yonke. Futhi nithokoze eNkosini uJesu, ngokuba manje Uniphilisa nonke, ngenkazimulo yaKhe enkulu yobuNkulunkulu. INkosi inibusise. Amen.

*ISandla Esiloba oDongeni* ZUL58-0108
(The Handwriting On The Wall)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeLwesithathu kusehlwa, ngo Januwari 8, 1958, eLane Tec. School, eChicago, eIllinois, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2006 ngabe:

ZULU

©2006 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org